S.378 (20) Tribal history of the Amahlubi(?) of Ladysmith, some of their customs, First fruits of the Sithole tribe and some small items. K13 AM/3/21. K13/21 F. Vilakazi. #4 1b 1/13

Ukubekwa kwe nkosi yama Humusha:

Kuthena ukuba afe uNtombela yona inkosi yama Humusha kwelase Mnambithi nelase weselsnet kwase kudi geka ukuthi ubani ongabekwa ukuba abeyinkosi. Phela uNtombela kwaku ngeyona inkosi yohlanga kwakuyi inkosi emane yabekwa njena amaHumusha ngoku methemba. Indodana yakhe ewutishà ayavumanga ukuba yinkosi esekundleni sikayise kwathi noma amadoda eyicela impela ayavuma kwase kwazisa ukuthi uNtombela ubene nduna yakhe ethembikileyo uPiet Ngwenya kwelase Wesselsnet. Manjena yathi indodana ka Ntombela kuhle

2. uPiet aka bambelisi sikhundla sika yise. Nebala wabamba uPiet ebambele yona indodana ka Ntombela. Kuthena ngokwenqaba kwayo. AmaHumusha ase efuna omunye umuntu ongayi inkosi yawo. Maningi amadoda phakathi kwawo amaHumusha ebesi funa lesi sikhundla. Kodwa awaphumelela. Kuthena noma kufika inkosi emhlophe iphuma e Mnambithi akwaqhale kwazeka ukuthi ubani ongayi nkosi yama Humusha. Amadoda aye semukhandlwini ehlukana ka bili kwathi amanye akhetha uMnguni amanye yena uNgwenya. Manjena uNgwenya ngokwe thembeka kwakhe emadodeni nakwamanye amakhosi na kwaba mhlophe wase

3. enziwa inkosi yawo amaHumamasha. uNgwenya lona inzalo ka Velemu Ngwenya. Wathatha uMamsimanga wase Nhloneni umusuthu. Kwathi abantwana abazala kumamsumanga inkosana yakhe uStephan Ngwenya ofundisa isikole sama Roman Maritzburg wazala abanye futhi kunaye uStephan. Abafana ba ba u2 kumamsimanga. Amantombazana aba u 5 kwamamsimanganga. Bonke laba ntwana wabafundisa isikole kuthena kunjalo wafa uMamsimanga waye sethatha uMamndaweni wakhona eMhlwaneni futhi. Usezele abantwana abawu 5 amantombazane awu 2 abafana bawu 8. uNgwenya lonakuthena esemncane wasebenza ezinkomponi za se Johannesburg uthena ukuba agawe

4. wabuya wasebenza ekhaya ekompàni akubo yase Wesselsnet igamalayo kuthiwa Stean Coal. Musebenzi wakhe kwaku wu kwakha izindlu wahlala kulomusebenzi kule nkophoni wase vagula. Akakhonzile kumlungu unezwe lakhe alethenga ngamandla akhe. Elinye lise Bester elinye khona lapha e Wesselsnet okuyilona akhe kulona na mhlanjena. Ukufaka zela umsebenzi wakhe nanamhlanjena usaholelwa enkomponi noma kufuneka abantu uyena uNgwenya olanda bantu azoba faka emusebenzini.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Nabantu bamuthembile nomuzi wakhe uyamangalisa ubuhle bawo. Kuloku futhi abayinduna ka Ntombela wethembeka futhi nakwaba
5. mhlophe enkatolo.. uNgwenya lona yikholwa uyiRoman. Uyena futhi inhloko or President ye Catholic Union asocu ukuqala kwakhe wenyeyi Chairman yabalimi ngaphansi kwayo i C.A.U. Kuthena ukuba athathe lesi sikhundla sobukhosi amalungu aka C.A.U. amunika imali engago £3 ukumubonga uyena futhi oqede izigilivane ezinkophoni esizwa umnumzane uMr. Khambule uyena futhi okhulumela abantu ngendaba yamazwe. Nangendaba yokuthi abantu basiwe nganxanye basuswe amasweni abamhlophe. Lenkosi inesike nabantu bayo. Kuthena ukuba ibekwe kuye uSeptember lona yase imisa izinduna zayo uMr. S.
6. Mashaba mo Molife (eMnambithi) Ladysmith kwathi futhi omunye oyinduna kwelase Wesselsnet kwaba uPhayikeni mbatha benaye belu u S. Mashaba. Kwathi kwelase Sidlaveleni kwaba u S. Mnguni. Kwathi iphoyisa layo kwaba u P. Nungu kuthena ngensonto eledlulile lenkosi yabiza umhlangano yase ikhombisa abantu ukuthi kufuneka bathenge indawo yabo yaba khombisa indawo ethengisayo khona lapha e Wesselsnet. Baningi abantu abathela izimali ngoba befuna umhlabathi. Kuthena ngomhla ka 26th ku October, 1939 lenkosi yabona kala ifika esikoleni sase St. Joseph's P.O. Wesslesnet izokwakha indlu yezingane eyase yonakele yayi bamba namadoda.

7. <u>Ukuthetha kwamacala kwela maHumusha:</u>

Ngezikhathi zanamhlanjena akasa bulawa uma uma onile ngaphandle kokuba ebulele omunye umuntu. uNgwenya yena ufike nomuthetho omunye osabisa abantu ngoba umuntu ongatheli uyamuquba amuse yena enkantolo. Umuntu ongasonti akamuthandisisi kahle ufuna bonke abantu bakhe basonto futhi bafundise izingane zabo esikoleni. Uva kashela yonke imizi yanantu bakhe kodwa akavumi ukudla kwabantu. Icala akali thethi njenga manye amakhosi athenga abantu. Yena ukhuluma iqiniso kuphela. Umuntu onamanga umuhlawulisa kakhulu impela. Umuntu futhi olahlwe icala umujezisa kakhulu
8. impela. Ukuze angaphindi akwenze loku. Abaphuza utshwala akaba thandi. Yena uNgwenya akaphuzi lutho. Ubekade ewumshumayeli futhi. Ungwenya uthemba ukuthi endlela enhle yokuqeda izoni ukuzi hlawulisa kakhulu impela kunokuzi fela umhawu. Uze acamange ukuthi ukuba uvunyelwe ngabe uyazi bulala zonke izoni njengo mtetho wakuqala owawuthi umuntu ogangile maka bulawe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Njengoba indawo yase Wesselsnet ebeke amaphoyisa amaningi okuhlola ububi obukhona. Wenza njalo loku usebenza nabamhlophe futhi umoya wakhe ukuvimbela isifazane ukuya enkophoni njengoba

9. manjena usemephasi uma ufuna ukuya ekophoni kuke kwathi unungu induna ngisho iphoyisa wa thunywa inkosi ukuyolanda imali ku mnumzane othile manjena uNungu wayifumana leyomali kwangendaba yezinsizi zomuzi wakhe uNungu akayisa yonke imali enkosini. Inkosi isezwa ukuthi uNungu imali uyigubile. Usebezwa uNungu usebekwa ebandla phambi kwayo inkosi/ne zinduna. Usezilanda uNungu ukudla kwakhe imali phoke inkosi ngokubona iginiso lakhe nokukusho kwakhe ukuthi ubeye saba inkosi kanti futhi akanamdla okuphumelela wayi thatha imali leyo phoke ngokusho kwezi nduna zazithi maka xoshwe yala inkosi. uNungu nanamhlanjena useyelona

10. iphoyisa. Inkosi yamunika yona leyomali yathi akube eyakhe angayi khokhe. Kuthen futhi kunjalo kuzole zinsukwana kwafika indoda ngokudakwa yavula umuzi wenye indoda ilandela amantombazane yabanhwa yasiwa ecaleni. Kwathi ngaloko uNgwenya wayi hlawulise kakhulu leyo ndoda ngoba yephule mnthetho ngokudakwa into eyisono. Futhi ke yayi ngenzanga lutho olubi ngoba yabanhwa isalunganisa ukuvula umnyanga. Phoke uNgwenya ukholwa ukuthi umuntu kufuneka makaqikele izono ezincane kunezinkulu. Akekho umuntu angasuka enze isono esikhulu engasuki kwezincane. Abantu banke bayaye saba abanye bayayi jabulelela impela.

11 AmaHumusha. Ukubona abantu kahle noba bona bemnyama kodwa umdabu wabo amazulu kuthena ngesikhathi seziqila amaHumusha eziwa iziqila kwathi ukuba ziphele base behlangana nezizwe eziningi bafunda noku khuluma isibunu naso belu isizulu. Abasikhohlwa phoke abanye bamaHumusha bamhlophe njengoma Busumani. Ikhakhulu abakwa Khazi ngaphesheya kwenkunzi. Kuyabonakala ukuthi bangana abelungi njengoba abanye khona nanamhlanjena basagane bona abelungu Abakwa Clark abantu ababe ngane abelungu uMr. Clark sewafa kwa sala uMr. Giles usekhona namhlanjena. Uhlala kwa Clark uwumulungu kodwa amakhosikazi abantu zininzi izibongo ezinge zona ezabantu kulele lama Humusha. Njengalezi ezinye Paterson, Carey etc., Inkosi yona emunyama njengomuntu njena. Kodwa nayo inzalo yawo amaHumusha.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

12. ~~Ba~~

Amahumasha anazi sebenzi zawo awasebenzi wona kakhulu izisebenzi esisebenzayo inkosi uNgwenya uyaku inqabe ukuthi makuthi amaHuma-sha. Uthi makebe isizwe njena samazulu kwelase Wesselsnet. Uthi leli gama libi ukuthi amaHumusha ngo a kisho ukuthi umuntu akathembekile. Kukhona futhi elinye igama okuthiwa amaHazimane lelo gana elokwethuka wona amaHumusha njengoba nawo ethuka abantu ethi ama Khafula. Phoke inkosi ithi makuphele

13. loku. Inkosi uNgwenya uphambene nomuthetho wabantu njengoba abantu bakholwa emadlozini yena akavumi. Kuthi uma kufika abantu namacala okuthi baya thakatwa bezwe ngezangoma angavumi impela ukuyamukela into injalo. Uthi makuphele ukuyobula ezangomeni. Izagoma zinamanga nezinyanga zabantu akazi funi uthi makuyiwe kodoketela nase zibedlela. Abantu abanye abavumelani naye lapho. Abanye sebeqalele ukukholwa uthi isangoma masingakhiswa ngoba zizokona abantu honke kwasuka umnumzane wakwa Mntombeni wayobula ezangomeni kwaku buba umuzi wakhe engazi ukuthi kwenzenjani.

14. Manjena wasuka wayo bula uthena uma ebula izangoma zanuka akakubo bodwa. Manjena zaxabana izelamani ngeleyondaba. Zase zijehlukhana manjena nazamangalelana bamusola lona owaya kuyobula ezongomeni kuthena kusuka kwakufa ababona omunye abantwana manjena naye waca-manga ukuthi uyena umfowabo useyaphindisa njengoba ethi uyena owa-bulala abantwana bakhe. Baxabana impela balwa waze wemuka lomunye wayo kwakha eGoli nakhonakwafike kwanjalo. Phoke umuvuso wezangoma alungile impela. Nezinyanga zabantu ziyaba bulala abantu. Kuthena uMafamathe inyanga wayokhipha ufufunyane ku Ntmbini kulu wafike wamubulala waboshwa.

15. Izibongo zika Ngwenya.

Madevu abulala ikomishi ndlebe izimahawu. Silo esimnyama ndlela ezima zombe zinzonzobele nezi omnyama onjenge ngonyama, kunzi edlayondwa ezinye zidla nganingi, madevu abulala ikomishi Hawu lokuphephela eliphephisa amaHumusha, mabona umbonwa, ndevu ezimhlophe kunga fanele, kumbulani bafana izindlela zesilo nesiqa-phele, isiqubuqubu, isiguqa esidla ezinye zilindele, ophume einingi zimi engalindelwe, umabonwa kanye abulala, inkomo enamabola nomusila, inyoka eluhlazana, umabonwa abulawe, sikk siki nyanga use fikili umadevu umabulala ikomoshi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Silindele luyeza luye sabeka lukhulu asiluboni inkonya ka Velemu ihawu lethu lokuphephela ubuz a f thi imgonyama, emnyama.

378. 16. Lezizibon o uNg enya.

Wazithola musukwana ebekwa inkosi kubutheme wonkana amaHumusha Ngalelo langa kwaku usuku olukhulu impela kwaku hlantshwe nezinkomo eziwu 2 kwakuhle impela. Kwathi kuhleziwe njena kwathi abafana badumelana impela beban a ukubekwa kwezi duna zakhe i uNgw nya oPhayikeni no Mashaba, manjena omunye wangaphesha omunye umfana owang neno kwa Phayikeni akufanele uk ba umashaba angabekwa ngoba uvamisile ukuwaka abantu bandle nezimali zabo. Uthe engekali ginyi wase emudumela uVela ka Mondi ka Mothombe kwazisa ukuthi bebe phuse kakhulu utshwala. Inkosi isidumela imvubu isibashaya boba bili yase futhi ibathethelela ngokuba hla-

17 wulisa ishumi emnye. Kuthena kunjalo ibandla 1 nke lavungama. Isisukuma inkosi isikhuza umhlola lona. Sekuthi nenceku yenkosi kwenziwa yini ninga hlonipha inkosi yenu. Sekusukuma uManola Xulu naye ekhuza lomuhlola. Ukuthi kwayoke amadoda inkosi isikhomba ububi botshwala. Isithi angifuni uk uba kube khona ukuphuza uma ngibize ibandla sekuthi nokub abane luku omhlphi uSiswebu umakhe ewana wayonkosi useթhi kuhle inkosi ebephunce sonke izinowadi abantu abakhe ephulazini lakhe. Akafuni ukuba bagaye utshwala nogayayo wovunyelwa uyena. Inkosi isiqalile ukuwa thatha amaphasi alabo abagayayo. Sebeqalile jokuza emasontweni bonke labo abaphuza utshwala ngamasonto.

18 Ukushada kw lama Humusha.

Uma umfana efuna intombazane uyabika kwaba sekhaya ukuthi baba ngiyayi thanda intombazane yakwabani. Uyise nonina sebezomubonisa noma naba bayayi thanda yini leyontobazane. Uma ukuthi abayi funi bazomutshena ukuthi abayi funi. Abakhethi ibala lentombazane bakhetha umuzi ukuthi kunothiwe yini kuwona uma kunga nothiwe a bavum i. Noma iyimbi intombi umaku nothiwe kubo wayo bazovuma ukuba maka shadenayo umfana. Sekuzokwenziwa amadina ngenxa yalabo bakubo kantombi isiyalungiswake lendaba umzali womfana nowentombazan

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/21



Ngezotshenwake umfana
ukuthi makayokulima
nayo intombazane njengoba
sekukhulumile abazali.
Nentombazane isizalindile
la yena umfana ukuba
makakhulume. Nayo
isizovuma masishane
kuloko. Amakhafula
ashadelwa wodwa nawo.
Ukufakha zelaloku kuthe
na indodana encane ka
Piet Ngwenya inkosi yathu
nda intombi yekhafula
manjena kubase kuthi
u Ngwenya ngokuzwa loku
akakuvumi benonjina wo
umfana. Manjena kwafu
nia niseka ukuthi umfa
na useyonile intombazane
futhi ubeye wathembisa ku
bafundisi nayo. Manjena
umfana njengoba eyakwa
amaHumusha intombaza
ne amakhafula wayala into
mbazane. Babopha kwenye
ya..

20 Uyise nonina bamuvumela ukuba makathathe eyakwa Khazi kwamanye ama Humusha nebala wayithatha umfana kuthe futhi umfana ka Khazi wathatha intombazane ka Piet Ngwenya lapho kushadele khona usisi wakhe ngoba ingemama Humusha.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S. 378 K13/21 6

Kunothwe futhi kwa Ng enya ama Humusha awa lobola njenga bantu intobanzane iyona iya nefa kubo womfana. Umfana wakhe indlu enhlu yentombazane alungise konke elungise la intombazane uyaye a khiphe noma amashumi amabile eziphon o njena kube khuphela futhi umushado awuthathi isikhathi eside kucelwa noma kulungiswa udaba

21 olunjena kuyinto encane emfushane futhi nokushada kwakhona kuyinto emfushane njena. Kushadwa kubo kantombazane kuphela kuyaye kudanwe kuyaye kulungiselwe nge zintozase thafuleni, nangabo utshala Bese kuqashwa nezinto zokushadwa ngosuku lomdanso. Kuzakuthi uma selufikile bengene ngakusihlwa abakubo womfana. Bese kubulawa izinkomo ngaphambi kokuba sebe fikile abakubo womfana kuzakuthi ekuseni sekulungile konke kuphume umakoti nomuyeni wakhe bahlale pha dle uma ithafula lidekwe f phandle uma ukuthi lidekwe endlini. Sekuzoxokozelwa akukhulunywa isizulu. Kodwa isibunu sodwa.'

22. <u>Umabo:</u> Amahumusha wona awaingisi thina abantu wona amacansi lana esiwasebensi sayo thina wona awawa sebenzisi futhi wona aba nezinto ezincane njena abele uyise nonina womyeni kuphela umabo w bantu abangewona amaHumusha. Kuye kuthi isibizo leso esiwa £10 sithathwe siyofunela intombazane izinto zokwaba. Uma uyise entombanzane ebize isibizo esikhulu futhi kuthi nezimpahla zokwaba zibe ningi impela. Uma ebize isibizo esincane nemali encane nemabo ubamuncane phoke amaHumusha wona awa bizani isibizo asikho kuwona. Futhi isibizo asikho emuntetwani wakwa Hulumeni kumane yinto yabantu njena leyo ~~kuphel~~ kuphela. Uma

23. unga sikhiphanga isibizo abakuvumeli ukuba ushade. Futhi neqaqa mazinyo yinto yama beshu kuphela amakholwa awayenzi lendaba.

<u>Ukugqoka kuka Makoti.</u>

Loku kwehlukene kaningi kuye kuthi amakholwa uma umakoti efika emuzini anikwe intshali lokwembatha ahloniphe umuzi. Uyaye anikwe imbuzi sokuzoba abakubo abazomthengela ekokwe mbatha ukuhloniphe a loku uhlonipha umfowabo wokuqala nomfowabo wamagcina aka xawuli noku xawula kubona ngokuhlonipha bona. Umabe khona endlini akadli base bakhiphe imali usheleni noma kwenyane aka uHleli. unikwe kazi wakhe. Futhi akamuxawuli nomakanjani.

AmaHumusha wona awandaba nako konke loko, uma kota akahloniphi nomkwenyane akahloniphi futhi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S 378

## Abakwa Sithole (ingcube.) K13/21 7

24. Ukweshama kwenkosi uma sekuzodliwa ukudla ukusha nabakwa Sithole bayeshama njengaba Thembu. Ingathi Bkanti futhi abakwa Sithole bayefukama uma izulu lingani. Kufukama yona inkosi izile engabonwa umuntu. Kothi umusukwana iphumayo kuze abaningi bazo bona yona inkosi. Kuthiwa nezulu liye lihlome bese liyana. Phela kwenziwa njena loku kwenziwa ngemithi ngezithelezi na ngemenye emithi. Amantombazane wona enza umamukhubulwana. Nokushama kusenziwa kwa Sithole ku Bande kuye kumenyezelwa ukuba kucevilisiwe imithombo wonke umuntu ngesikhathi sokumenye zelwa kokwenya uyaye azile impela uma umuntu efuna ukwenza umcanguzo uwenza ngemuvumeye nkosi.

25. Uma inkosi ingavumi akwenziwa lutho. Kufana nokunye okuthiwa ukuvimba iziyoni ukuba zingadli amabele emasimini uma sekuqalwa ukudliwa ukuvindla. Kukhona izinyanga zokuvimba izinyoni. Ziyezi memezele ukuthi sekuvinyiwe. Abantu bonke sebezoqala ukuzila ukugeza ubuso nesingane zesikole zizohamba njena zinga gezile. Kuzoya abazali bayo bikela utisha ukuze angazi shayi izingane. Futhi wonke umuntu angadli emile adle ahlezi phansi. Nokuxula akdvunyelwe. Kothi musukwana kuvulwayo bese benze konke abakuthandayo nange impela izinyoni azisezu ukuwadla amabele. Ingcube yona inamaculo ayo esikhathi sayo. Kuculwa wona kube kuphela awaculwa amanye amaculo ngaphandle kwawo.

26. Kuye kuthi izinsizwa zona zilungise kuthengele amakhosikazi azo izinto zokuhloba musukwana welanga futhi abantu besilisa baya gaula amahlahla okukhosela inkosi ntambama seyizophehla uvathi ngosuku olungaphambe kwelanga. Lengcube ngempela kuthiwe izinsizwa zona nga lezo zinsuku zihlanze ngayinye ngayinye zikhafulela amadolo azo. Kuye kuthiwe yekhona zizoqina impela zinsizwa ukuzeke inkosi ishwame kubekwana nenyanga ukuthi ize ife ngoba phela amakhosi awashwami inyanga ithwasa ashwama inyanga ifa. Sekuzosheshiswa ukuthi yonke into ye nziwe inyanga ifa. Kuye kuthi lungiswe utshwala masishave. Utshwala benzelwa amabutho ukuba mayephuza

27 emkhikeumaskaqahe. ukugaya amabutho nawo asazeloku ehlangana njalo njena akube amaculo ayo incube. Kuzathi izinduna ngosuku olulandela usuku levengcube bese ziwayala amabutho phela amabutho ahlangana ngesi nduna nangamagoso awo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.378 K13/21 8

Ayalwa ukuba angalwi ngalelelo lusuku lwengcube. Uma ukuthi ube khona umuntu owone lolusuku uya bulawa. Nomakuyinkosi kufuneka kuthule. Uma amabu ho awahlomi ngalezozi nsuku kwazisa ukuthi kuziliwe bonke baya hlónipha nenkosi futhi iyawayala amabutho ukuba angalwi nezinsizwa zeyakuzila ukweshela izintombi kuthi namadoda zile ukuya kumakhosikazi awo.

28. Kunomuntu abawuphuzayo njalo njena nezithelezi umuthi lona usembizeni uphuzwa amabutho. Athi uma ephuze ase izandla ngemuva aphuze ngemilomo khona khambeni noma embizeni n kuzothi uma ephuza akhafulele amadoda awo athi dolo lami qina kusho amabutho kuphuza ngamunye ekuseni njalo njena. Kunenyanga ephatha lomusebenzi. Iyahola ngaloku ihola enkosini. Abanye bathi ngalesi senzo ihola inkomo. Kuzothi ngosuku lolulandelayo kuthi bonke abesiliisa base izintoza abesifazane babo. Kuzothi abesifazane nabo bahlangane indawonye ngosuku olulandela lona usukulwengcube. Sekuzohlelwa iziphahla zokumgwa abasifazane ziphuma kuba yini bazo.

29 Abesifazane sebezo jabula baweleze bathi wele wele banguye futhi lolusuku lwengcube luba ngolwesine elangeni. Kufunisa amakholwa uma edumisa/usuku lwama Esters. Nabo bakwenza njalo ngolwesine uma edumisa usuku lwama Esters. Nabo bakwenza njalo ngolwesine umasekuzo dliwa. Ngomso ngolwesihlanu usuku lomudwebo kudwantshelwa nentabeni ephakeme. Ngelezenzo kulingiswa yena u Jesu njalo ngobanaye waya entabeni eCalvary. Ngalolusuku wonke umuntu uvuke aye kwankosi nama khosikazi namadoda aya khona. Banye balala khona ngolwesine bangabuyi ngobusuku lobo base babuye ngomgqibelo laba abasale khona enkosine bayaye behube amahubo kuze kuse ngolwesine behubela inkosi kuzakuthi ngolwesihlanu bonke baqube izinkabe ziya konkosi.

30 Zokuhlatswa abanazo baya sebehlom le ngolwesihlanu ngoba usuku lokiyabulakuyekuthi abanye baphumakude bangenise emuzini wakubo wenkosi kusiwa kusinwe kujajulwa. Akuphuzwa kuphela kudliwa nenyama, nesigwamba kuba kusuku olukhulu impela kubantu. Kodwa ukulwa akuvunywa noma sekufanele inkosi iyakukhuza. Nabanumzane bayakukhuza futhi. Kusuka insizwa igiye ngayinye awenziwa umxudhulo ngale zinsuku. Kuye kuthi nezintombi zisine ngayinye futhi izinsizwa ziyagiya zithi : Ngathi ngiswa ngindala ngadlala bantwana".

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.378. K13/21 9

Amabutho abethi Shwili Shwili sobe sikona. Besho basikaza isi kundla abegwiyela kuso kuyaye kube mnandi impela nezintombi zibuka izinsizwa.

31. Sekuthwalwa utshwala kuhanjwa nabo busiwa entabeni bapho kosinwa khona ilanga lonke akuhanjwa notshwala bodwa kuhanjwa nanezinkomo sekuzohlalwa khona lise lishona. Sekugaulwa amalilahla aluhlaza lamahlahla kuhlotshwa ngawo izinsizwa namakhehla. Lomuhlobiso uvunulwa ngophezu kwamabeshu namantombazane phezu kwamabayi. Sekuzothi inyangaleyo ishwamisayo iphinde futhi ichela amabutho onke kuzothi umuntu onamagqubu omnye baxolelane. Kuthi ke bese kuhlatshwa inkabi yenkomo ezodliwa amabutho amabutho lawo agada in osi ebusuku uba ingalinyazwa lutho. Iyaye iowiywe inkomo leyo kukhishwa imphukane mhlubulweni ngasenkwepheni lenyama iyona esokhathwa imithi, idliwe inyanga nayinkosi.

32. Lenyama idliwa kuphehlwa uzwathi. Enye inikwa amabutho ihlikihlwe emuthini lomuthi wenziwe inyanga ebeyeshwanisa inkosi. Lenkomo (umngci) ibizwa ngokuthi wethobatheka inkosi isiya esibayeni iphuma endlini isiyo hlala khona. Kuze kube umgqibelo ehlezi esibayeni. Sekuzothi amabutho asine kuze kse kube ngakusasa esinela ikosi esibayeni. Inkosi uma uma iphuma endlini iyaye ivumele impela kakhulu ngebeshu lezinyamazane izithile ezaziwayi ayihambi yodwa ihamba nezinduna zayo zothi uma iphuma indlini kuthi imbongi yayo iyibongele impela kuzothi uma ingena esibayeni amabutho asukume wonke asho u"Bayethe" sekuzogiya

33 izinsizwa ezingamagagu. Abesifazane abekholapho. Kuzothi uma inkosi ~~am~~ iphuma endlini kubana fana abahamba phambile bephethe ukhamba lomuthi owenziwe inyanga ufakwe nezithelezi lawo muthi. Kuzakuthi uma isiphandle inkosi ikhefe isiphuze kulowo muthi izothi izokhipha omane amagumbi omhlaba. Lomuthi uphathwa abafana babili. Kuphela kuzotho nezinduna nazo zizokhifa omane amagubi omhlaba. Loku kwenziwela ukuthi noma kukhona umhlola ovela ngakuphi mawubobonwa noma ubani ungaze wenze ingozi kumabutho kanye nenkosi yawo. Lomuthi usezo cithwa iyona inyanga uma inkosi isikhifile kuwona omane amagumbi omhlaba kuthi ikhifa njena ayithule imbongi yenkosi iyabongela yena njena ize ithule ngoba sekuphele izibongo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.378 K13/21 

K13/21

34. Kuzothi lapha esibayeni manjena inkosi iwabe ngono na amakhosana ngisho amabutho ayo. Kuzothi izinduna ezinkulu izona ezibeka lomdlalo wenkosi kuzosinwa kuze kuse manjena amakhosikazi awehlomanje laphowona. Kubakhona amabutho odwanjena. Kuzothi ngomgqibelo emini inkosi ihamba nezinduna zayo iye emufuleni isiyogeza khona. Mhlabe izohamba nebutho elithize elethembile yona. Ithi uma ihamba futhi inikwe wona umuthi woku khifa futhi. Kwenziwa njena konke loku inkosi nenyanga akwehlukani. Noma kanjani nenyanga ayiyodwa inogxalayo, oluyona luyi sizayo kukokenke noma iya emufuleni ihambanayo inyanga yayo nogxafuthi lukhona lapho enkosini.

35. Kuzothi uma inkosi futhi isiphuma emufuleni ibuyele khona esibayeni bayebongele futhi uma ingena kubena noma ihamba. Phela nayo inkosi iyasina ngalelo langa. Kuzothi uma isiphuma emfuleni isigezile isizophuma emabuthweni iya ekhaya kuzakuthi uma isewashiya amabutho besi ikhifa futhi kuwo womane amagumbi omane omhlaba nenyanga isichela isikhundla lapho inkosi ibikhona nezincekuzayo. Seyizoye incele nasekhaya. Lapho kungene khona inkosi. Phoke ukuba inkosi igadwe kangaka kwenziwa ngoba kwesatshwa abanye abantu ukuthi ngahle bayilumbe bayiloye inkosi. Namabutho ahla elashwa njalo ukuze nawo angesabi uma kuvela impi inkosi uma kuvela impi. Inkosi inyanga yayo njalo njena.

36. Kuthi ngesinye isikhathi inkosi isizo khatha ngemithi izinsizi phenduke ibemnyama. Lezozi nsizi zisuke ziphume kuyona. Inyanga yayo uma inkosi ikhathe ngensizi akubulawa inkomazi noma inkabi kodwa kubulawa inkunzi yethi ngaphambi kokuba inyanga iyenze konke ig ibongele kuzothi namabutho ahambe ayogeza emufuleni ngamunye ngamunye umuntu kuthi uma umuntu esegezile anga beki ngomuva abeke phambili njalo njena. Lowoke umukhuba wakhona, kusuke kusho inyanga leyo. Ayoze aphele amabutho enzanjalo uma umuntu eyakhona emufuleni uyagijima noma esebuya khona uyagijima futhi angaze sulo izithukuthuku.

37. <u>Izihlangu zamabutho.</u> Kwela kwaSithole kuyinto enkulu impela ukuba nesihlangu esihle. Kuthi nasempini bakubone ngaso isihlangu sakho ukuthi wena uzalwa umnumzane. Abantwana baba numzane abanezihlangu ezinhle namabeshu futhi amahle.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kunjengakumakholwa wona kuthi abantwana bezinoti zinhle. Phoke empini abamfuni noma bengamubona. Bayamuhalela impela lowo onebeshu elihle futhi nehawu elihle amahawulana kuqala kuzzonke izizwe kwakuhanjwa ngama butho ukuthi amahawu anjena awebutho lele. Manjena akusenjalo kuyangobunumzane nangemali. Kuqala izinkomo
38. ezinhle kwaku ngezinkosi kuphela inyoni kayephumuli. Kushiwo ezimhlophe zodwa izinkomo. Umuntu uma enazo waye phicwa lezonkomo phoke namhlanjena amakhosi awasa wenzi lowo muthetho ngendaba yabamhlophe sekuyekuthi ingani inkosi iyazihawu kela izinkomo zomuntu bese ifuna ukuzithenga ngamali kuke kwathi umfoka Gabuza ngendaba yezinkomo zakhe ezimhlophe azithengayo ngemali ayithola esebenza ekimbili wathenga zambili zekone. Zithena zisuka zazi zala amhlophe. Wase ebeka inkunzi yazo yona yakhipha zona zodwa. Kuthena angazele iphuma otshwaleni wathi efika emuzini wakhe wafikisana nempi ekulukazi yavimbezela kwazisa ukuthi
39. nomakhelwane bakhe bebe muzonda ngalezi zinkomo zakhe. Kuthiwa amakosikazi athinawo ayababaza bawa bulala nawo. Waye ngeneye umfana omukulu waye semncane umfana wakhe yena akabulawa nga wasinda ngoba waye ngekho ekhaya. Manjena ngalelo langa abakwa Sithole babelwa nabaThembu phoke ukumubulala kwakhe bathi ubulewe impi yaba Thembu. Sekuzothi induna yabo ithi wayenesikweledu sayo. Isifuna ukuthatha lezizinkomo zonke isifuna nokuthatha nezimbusi sekwala abafowabo. Phoke kwathi nenduna ayaba naye ufakazi waloko ukuthi izinkomo ezayo kwase kuzwakala futhi ukuthi iyona ethumele impi ukuyobulala uGabuza yase nayo bayayi bulala abakwa
40. Gabuza. Ebusuku kunyaloke manjena uthi umuntu angaba nento enhle abese eyifihla kwaba mhlophe aloku eyithelela imali ngkwesaba ukuthi uzubulawa. Abanye abanezindlu ezinhle baya shiselwa ibusuku bonke sebe balekela emaphulazini uthena noma Fushane Mbelase ezinkomo zakhe zazi gcwele kubo bonke abamhlophe nabanye abahlobo bakhe abamnyama. Phoke inkosana yakhe isafunana naelezonkomo ziyayise abanye sebayazi phika ukuthi bona abazazi kuthena abamhlophe bayikhombisa zonke izinkomo zika yise. Kuzwakala ukuthi omunye umfowabo kama Fushane uthengise ngazozonke lezonkomo nemali wazidlela yona. Nendodana yakhe umaFushane isengozini embi impela ngalendlela.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.378 K13/21 1+12* 13

41. Bafuna kuyibulala futhi. Uma Fushane lona wabulawa naye umuntu ayesise kuyena izinkomo lumuntu waziphika izinkomo zika Mafushane base bamangele lana. Kwafumanisecka ukuthi icala labo liyaba misa manjena kuthena kunjalo lomuntu omunye ophika izinkomo zika Mafushane wathenga umuntu kuba maka bulale yena uMafushane nebala wamuthemba wamuthembisa ukuthi uyonunika inkomo. Lomuntu obanga izinkomo nomafushane. Ungengelele ndlela manjena nendodana isemesaba lomuntu. Sekuthena kanti bebe thukuthele nabo baze baxola kusho inkosi uNgwenya ukusisa inkomo yakho kumuntu okuyona indlela enhle namhlanjena bekulungile nezezi khathi eziphambile pho manjena kukhona namabangi lapho imali ingafakwakhona.

END 378.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.